

# Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Nhlaba 2018 Ushicilelo I

## Bridge brings relief for KZN learners



■ KZN MEC for Transport, Community Safety and Liaison Mxolisi Kaunda with local learners who now arrive on time for school.

**GOVERNMENT** is ensuring that children don't have to cross dangerous rivers to get to school.

### Nomfundo Mcetywa

**F**acing crocodiles and possibly drowning while crossing UThukela Riv-

er to get to school is no longer a reality for learners in KwaDukuza and KwaMaphumulo. This after the KwaZulu-Natal Department of Transport built two bridges

which cross the UThukela River. The Nyakana UThukela River Bridge, which cost R89.5 million to build serves the Mankenganeni community which is locat-


ed on the northern side of the river. The bridge links the Umhlabeni and KwaDukuza local municipalities

● **Cont. page 2**



**New App to bring faster service delivery**

Page 4



**Space weather service to benefit Africa**

Page 9



**ALSO AVAILABLE ON:**



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

E-mail: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Tel: (+27) 12 473 0353

**Free Copy**

**“Education is the most powerful weapon which you can use to change the world.”**

Nelson Mandela





# Isibophezelo seNingizimu Afrika sokufundisa intsha

**UHULUMENI** ufeza isethembiso sakhe sokuqinisekisa imfundo ephakeme yamahhala kuzitshudeni okumele zihlomule.

## More Matshedisio

**U**Ngqongqoshe Wezfundo Ephakeme Nokuqeqesha uNaledi Pandor uthi iNingizimu Afrika izokwazi ukuba nemifundaze yezingane eziphuma emakhaya ampofu kanye nalawo anabondli abenza imisebenzi eholela amaholo aphantsi ezingena enyuvesi kanye nakumakolishi oKufunda Indlela Yokwenza Nokuqeqeshelwa Ukusebenza (ama-TVET) ngowezi-2018.

UNgqongqoshe uPandor uthi kuyisibophezelo sezwe ukweseka imindeni empofu kanye nesengcupheni kakhulu.

Wayekhuluma ngesikhathi sesithangami sabezindaba lapho aveza khona inqubo yokwethula imfundo ephakeme yamahhala eNingizimu Afrika.

UNgqongqoshe uPandor ume-

mezela ukuthi uhulumeni use-tshale izigidi zezigidi zamarandi eziyi-7. 166 ukuze ukhokhele imifundaze yezingane ezivela emindenini empofu kanye nezasemindenini enabondli abenza imisebenzi eholela amaholo aphantsi ezingena emanyuvesi kanye nakumakolishi e-TVET kulo nyaka.

UNgqongqoshe uPandor uqinisekisa ukuthi sekubekwe eceleni izigidi zezigidi zamarandi ezingama-4.581 kwenzelwa izitshudeni ezikwaze ukungena emanyuvesi kanye nezigidi zezigidi zamarandi eziyi-2.585 zezitshudeni zakumakolishi e-TVET.

Ngowezi-2017 uhulumeni wamemezela ukuthi imfundo ephakeme izoba mahhala kuzitshudeni ezimpofu kanye nalezo ezivela emindenini ethola umholo wonyaka ohlangene ngaphambi kwezimali ezibanjwayo engaze ifinyelele kwi-

zi-350 000 zamarandi.

Izitshudeni zesekwa ngesikimu semifundaze esibanzi, esingena esikhundleni sesikimu esedlule esasinengxenyeyimalimboleko kanye nengumfundaze esasihlinzekwa iSikhwama Sikwazwelonke Sokusiza Abafundi Ngezimali (i-NSFAS).

“Ukuhlinzekwa okusisekelo kwe-NSFAS kokuxhasa izitshudeni ezivela emindenini empofu kanye naleyo ihola amaholo aphantsi ezingena emanyuvesi kanye nakumakolishi e-TVET kuzokhuphuka kusa ezigidini zezigidi zamarandi eziyi-9.849 ngowezi-2017/18 ukuya ezigidini zezigidi zamarandi ezingama-35.321 ngowezi-2020/21.

“Lokhu kuchaza isidingo zokwenza ngcono ukwenziwa komsebenzi kanye nokuthuthukisa izinhlelo ze-NSFAS. Ngakho-ke sihlizeka ezinye izigidi zamarandi eziyi-105 Kuhlaka Lokusebenzisa Imali Lwesikhathi Esiphakathi Nendawo ukuze kusizwe i-NSFAS ukuthi yandise futhi



**Iphini likaNgqongqoshe Wezfundo Ephakeme Nokuqeqesha uButi Manamela noNgqongqoshe uNaledi Pandor kanye Nosihlalo we-NSFAS, uSizwe Nxasana.**

iqinise ukwazi kwayo ukwengamela,” kusho uNgqongqoshe.

Izitshudeni okumele zihlomule, kuyo yonke iminyaka yokufunda, ezibhalise emakholishi e-TVET zizothola umfundaze ozokhokhela imali yokufunda kanye nezinsiza zokufunda.

Ukukhushulwa kwemali ehlinzekwayo ngowezi-2018/19 kuzoqinisekisa ukuthi izitshudeni ezingama-458 875 zithola imifundaze.

Kukhona cishe izitshudeni

ezingama-50 480 zakumakolishi e-TVET, ezitholakele zifanele ukuthola imali yokugibela, indawo yokuhlala kanye nokudla, nazo ezizoxhaswa; ngesikhathi kukhona ezinye ezingama-82 600 ezitholakala zifanele ukuthola imali yokugibela.

UNgqongqoshe uthi kulindlekele ukuthi kuhlinzekwe ukuxhaswa ngezimali cishe kwezikhala ezingama-83 200 kwezingama-208 000 (ama-40%) ezikhona kubantu abangena emanyuvesi ngowezi-2018 okokuqala. **V**

# UMnyango Wezasekhaya Umemezela Ukulwisana Nemigqa Emide

**MADUZE NJE** abantu baseNingizimu Afrika sebezothokozela ukusizakala ngokushesha kanye nangendlela esebenzayo emahhovisi Omnyango Wezasekhaya.

## More Matshedisio

**U**Mnyango Wezasekhaya ulungiselela uhlelo lokuqinisekisa ukuthi izakhamuzi azichithi isikhathi eside emigqeni.

NgokukaNgqongqoshe Womnyango Wezasekhaya uMalusi Gigaba imigqa emide ibibangelwa inani eliphezulu labantu abadinga usizo, isikhala esinganele emahhovisi oMnyango, izinkinga eziphathelene nobuholi kanye nokuvalwa kwamahhovisi awo ngeMigqibelo.

Ukuze kulungiswe inkinga, umnyango ubukeza umthelela ngokwezindawo ukuze kuhlonzwe izindawo lapho udinga khona ukwenza ngcono izinsiza zawo.

“Sizogunyaza inhlolovo yokweneliseka kwezakhamuzi, senze ukuthi isikhungo sokuxhumana nezakhamuzi sisebenze ngokwezinga eliphezulu, sizothola isisombululo ngokuphathelene nabantu abeza esikhungweni

abayinani elingaqageleki kanye nesikhala emahhovisi omnyango, ukubheka okungenzeka ngokuphathelene nohlelo olusha lwamashifu, ukulungisa uhlelo loxhumano lwamakhompyutha olungahlale lusebenza, ukwenyuswa kokuvakasha kwabaphathi abasezikhundleni eziphezulu emahhovisi ethu, ukuthuthukiswa kokwenziwa komsebenzi kanye nokwenziwa ngcono kokuxoxisana nezakhamuzi,” kuqinisekisa uNgqongqoshe.

Lezi zinhlelo zokuzokwenziwa zizokwethulwa njengezindlela zokungenelela zesikhashana, zesikhathi esiphakathi nendawo kanye nezesikhathi eside.

UNgqongqoshe uchaze lezi zingqinamba ezingeke zisonjululwe ngokungenelela okusheshayo futhi wacela umphakathi ukuthi ube nesineke ngesikhathi umnyango wethula lokhu.

“Simile sizibophezela ekwenzeni okusemandleni ethu ukuze si-nqobe ukulwisana nemigqa, nangaphandle kwezingqina-

mba kanye nezinye izi-nselele,” kusho uNgqongqoshe uGigaba.

Ngaphambi kokuthi umemezele izinhlelo zozokwenza umnyango wenza umbiko wokuhlola ukuze uthole ukuthi ungakwazi kanjani ukulwisana nemigqa futhi wenze ngcono izinsiza zawo.

Umbiko wabeka uhlelo loxhumano lwamakhompyutha olungahlale lusebenza njengalokho kulindlekile, uhlelo lokwenziwa komsebenzi olungasebenzi ngendlela efanele kanye nezindlela zokuxhumana ezingahlanganisiwe ngendlela efanele eziholela kwizakhamuzi ezingenelisekile kanye nemigqa emide.

NgokukaNgqongqoshe, lezi zinto ezilandelayo zenza inkinga ibe yimbi kakhulu:

- Ukungengameli ngendlela efanele kwamanye amahhovisi
- Ukungasetshenziswa ngendlela efanele kwabasebenzi.



**UNgqongqoshe Wezasekhaya uMalusi Gigaba uthi umnyango wakhe uzoqalisa uhlelo lokuvimbela imigqa emide.**

- Ukungabikho kohlelo lokubhuka ukubonwa komuntu othile.
- Ukungenganyelwa ngendlela esebenzayo kwemigqa.
- Ukusebenza ngesikhathi esisodwa kwezinhlelo zokwenziwa mathupha kanye nokwenziwa ngemishini.
- Ukungasabalaliswa ngokulinganayo kwamahhovisi ngokusekela ezibalweni zabantu.
- Ukukhishwa kwemibiko engeyona ngokuphathelene nokuqedwa komazisi abaluhlaza abanamagabelo.
- Ukungabi sezigeni kwezi-

mpawu ezikhombisa okuthile emahhovisi.

Kukhona amahhovisi Omnyango Wezasekhaya angama-184 kuphela akwazi ukuthwebula noma ukuthatha izithombe kanye nezikhungo ezihlinzeka ngezinye izinsiza ezingama-411 ezweni lonkana.

Amahhovisi ayi-184 kuphela alungiselela izicelo kanye nokulandwa kwamakhadi angomazisi kanye namaphasipoti.

Umnyango ulungisa kabusha amahhovisi angomahamba nendlwana angama-78 futhi uqinisekile ukuthi azohanjiswa kuyo yonke iNingizimu Afrika ngesigamu sesibili sowezi-2018. **V**

## NGABEBEWAZI?

**Kusukela mhla kuqala ukukhishwa kwamakhadi angomazisi ngowezi-2013, amahhovisi oMnyango Wezasekhaya asekiphe amakhadi evile ezigidini eziyisishiyagalolunye.**